# UJesu WaseNazaretha Uyedlula

Asikhuleke ngaphambi kokuba sihlale phansi, uma nithanda. Sikhothamise amakhanda ethu.

2 Nkulunkulu othandekayo, siyaphinda futhi ukuthi siza kuWe ngenhliziyo ebongayo ukuzwakalisa kuWe umuzwa nokudumisa esinakho ngaWe. Futhi sizoKucela kulobubusuku ukuthi—ukuthi Uzothethelela zonke izono nesiphambeko esisenzile namhlanje, noma nganoma yisiphi isikhathi empilweni yethu, lokho obekuphambene nentando yaKho yobuNkulunkulu.

3 Futhi uma bekuyobakhona noma yini eyoKuvimbela ekuphulukiseni abagulayo nasekusindiseni abalahlekile, sizocela Wena ukuba usithethelele, futhi usithathe usifake ekunakekeleni kwaKho ngalesisikhathi nje, futhi ungene kithi ngamandla amakhulu, futhi kwangathi izibonakaliso ezinkulu nezimanga kungenziwa kulobubusuku. Futhi ngalokhu, kwangathi kungabangela imvuselelo eyifeshini endala ukuba iqale kulelidolobha futhi macala onke nakuso sonke isifundazwe. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi izoni zingasindiswa na—nabantu abagulayo baphulukiswe ngenxa yenkazimulo yaKho.

4 Manje, busisa bobabili umfundisi nomlaleli kulobubusuku, ngcwelisa amazwi azakushiwo, nezindlebe eziyakuzwa, nezinhliziyo eziyakukholwa. Ngokuba siyakucela, eGameni leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

5 Ningahlala phansi. Kuyinhlanhla enkulu kimi ukubuyela lapha futhi kulokhu ukuhlwa, ukukhuluma kini ngalena emangalisayo, iNkosi uJesu emangalisa kakhulu. Futhi kubi kancane ukuthi nje sifanele sihambe emva kwalenkonzo futhi singabi nabo kodwa nje ubusuku obubili, ngokuba ngazi kahle ukuthi lelidolobha, kanye namanye amadolobha, ukuthi ubusuku obubili abenele ukwedlulisa uhlelo kubantu. Futhi ngakho-ke bekuyothatha isikhathi lapho abanye bebephulukisiwe abebengaphuma futhi bafakaze kwabanye futhi batshele abanye, nabanye batshele abanye, futhi yileyondlela okuyohamba ngayo.

6 Kodwa kube yinhlanhla yethu ukuba kulelidolobha elimangalisayo, ikomkhulu lalesisifundazwe esithandekayo. Besigibele kulokhu ukusa ukuba nje sibuke ngapha nangapha, futhi yizwe elihle, impela siyalithokozela lelizwe. Futhi njengoba ngishilo izolo ebusuku, lingiphathele izinkumbulo

eziningi zaleNew Hampshire, enhla enyakatho, lesi yisikhathi sami sokuqala kulengxenye.

7 Phezulu enyakatho yeNew Hampshire lapho engangivame ukuzingela khona, nabanye babangane bami abahle, uHarry B. Call. Angazi noma uHarry ukhona yini kulobubusuku. Uma ukhona, Bert, ubungasiphakamisa isandla sakho na? Impela bengingathanda ukukuxhawula. [Umfowethu uthi, "Ungemuva."—Umhl.] Ngemuva. Kulungile, ngiyasibona isandla sakhe siphakeme. Bert, ngijabula ngempela ukwazi ukukubona futhi, futhi lapho, indodana yami ingemuva kwesakhiwo, futhi ngifuna uyibone ngaphambi nje kokuba sihambe.

8 Ngabe ungenile izolo ebusuku, Bert na? Lobu ubusuku bakho bokuqala. Awu, sijabula ngempela ukumbona phakathi. Sekube yisikhathi esithize selokhu ngibone uBert, iminyaka eminingi. Futhi sibe nokuzijabulisa okuningi ndawonye enhla eNorthwoods lapha, sizingela ngenkathi ngisengumfana nje, futhi kuphethe izinkumbulo eziyigugu. NoMnu. Lowe, ngiyayikhumbula indoda esikhulile enhla endaweni ebizwa ngokuthi iRandolph, nokuthi kukangaki siye sahambahamba kulezozintaba eminyakeni eyedlula, angikukhohlwa neze. Ngakho, kuphethe amagugu amaningi amakhulu nezinkumbulo.

9 Futhi kulobubusuku, kungukuvalwa kwenkonzo futhi silindele uNkulunkulu ukuba ahlangane nathi ngomusa waKhe namandla ukuphulukisa abagulayo nabahluphekile, nokusindisa labo abayofuna ukusindiswa.

10 Manje, seqa ezweni nje, ubusuku nje, ubusuku obubili. Isikhathi eside kunazo zonke esasihlala kwakuseBangor. Ngabe ngikusho kahle lokho na? EBangor, eMaine. Izisho zami zaseningizimu azihambi kahle kakhulu phezulu lapha. Futhi nginensa impela, futhi abanye benu maYankees nivele nikhulume ngokushesha kakhulu, angikwazi ukuhambisana nani, ngiyesaba ukuthi ngizogayiswa.

11 Ngi—ngishilo phandle esitaladini, ku—kwakungukuthi nje, izigaba ezimbili kuphela zabantu ezihlala lapha, futhi lowo kwakungophilayo nofileyo. Ngendlela abashayela ngayo, bafa ngokushesha.

12 Billy, ngena ngakwesokunene, nomngane wami uHarry Call ehlezi khona *lapho*. Ngifuna uhlangane naye, ukuze ngikwazi ukuthola ukumxhawula nje emva kwenkonzo.

13 Futhi ngakho siyajabula ukuba phakathi ngalesisikhathi esincane. Manje, eBangor sibe nomhlangano omangalisa kakhulu. Cishe ngehora lesithupha nqo bebeyodingeka bakhiye iminyango ukuze bavimbele abantu, ihholo elikhulu alizange lihlalise kodwa nje cishe amakhulu ayishumi nanhlanu, noma into efana naleyo.

14 Futhi lokhu, ngiyaqala manje ngqo emva kwalemihlangano lapha, ngiya eTexas, bese-ke ngibuyela phezulu eCarolina,

bese kuthi-ke ukusuka lapho, ngibuyele e-Afrika futhi. Futhi, o, ngi. . .Olunye nje uhambo, okucishe kube ngokuphindwe kahlanu kimi, futhi ngithemba ukuthi iNkosi izosinika imihlangano emikhulu, futhi sizobe silindele imikhuleko yenu ngathi njengoba sihamba, noNkulunkulu ukuba asenzele okuchichima ngokwedlulele lapho.

15 Isikhathi sokugcina sasiseThekwini, ngangilapho izinsuku ezintathu, nasenkonzweni yantambama, ngenza u—ukubizela e-altare ngokushesha emva kokuba indoda ekhubazekile yayikhubazeke ngokwesabekayo kakhulu, yaze yadingeka ukuthi ihambe ngezandla zayo nezinyawo njengenja nje, yayineketango entanyeni yayo, ingekho ngisho nakahle ngokwengqondo, futhi ngaphambi cishe kwezinkulungwane eziyikhulu namashumi amahlanu zabomdabu, abahedeni boblankethe lapho, ngaphandle kwabantu abamhlophe, ngenkathi leyondoda iphakama, yayiphilile engqondweni yayo, okokuqala ukuba ike iphakame kuyo yonke impilo yayo, futhi kwakukhona abahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, lowo ngabomdabu boblankethe, bephula izithixo zabo emhlabathini, bemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nabo ngesikhathi esifanayo.

16 Manje, futhi ngalokho kusa okulandelayo ngangimi egumbini lami lasehhotela, nemeya yedolobha, uSidney Smith, uyenyuka, futhi wathi, "Mfowethu Branham, phakamisa iwindi ngokukhulu ukushesha futhi ulalele phansi esitaladini."

17 Futhi ngabuka kuza kwehla ngesitaladi, futhi nakho kuza izimoto ezinkulu zokuthwala izinkomo eziyisikhombisa zigcwele izinduku zokuqhugela ezindala, nezagila, nezihlalo ezinamasondo, futhi cishe imayela ubude ngemuva kwabo ngabantu ababehlezi kuzo ngalolosuku ngaphambili, behamba emva kwalezi zindawo becula, "Konke kuyenzeka, kholwa kuphela," ngezilimi zabo zomdabu. Kuyakhombisa nje ukuthi uKristu uyimpendulo, NguYe Onikeza impendulo.

18 Manje, ngaphambi kokuba sivule leliZwi, iBhayibheli. . . Esikukholwayo, ngokugcizelela, ukuthi liyiQiniso likaNkulunkulu uSomandla, manje, kungahle nje kuphambane kancane, mhlawumbe, kulokho enikufundisiwe ebandleni. Kodwa manje, kukhona okungalungile ndawondawo, ngenxa yokuthi uJesu wasithuma ukuba siye ezweni lonke futhi senze abafundi ezizweni zonke, nokuthi nje lapho lokhu sekwenziwe ukuthi Uyobuya.

19 Niyazi ukuthi ubuKristu busendaweni yesithathu namhlanje ngezinombolo na? Futhi kukhona okungenani izigidi zabantu abangakaze balizwe iGama leNkosi uJesu. Futhi abakaMohamede bathathu koyedwa, bedlula ubuKristu ngesibalo; UBuda, o, angazi nje ukuthi kwedlula kangakanani

ubuKristu ngesibalo. Konke kungenxa yokuthi kukhona okungahambanga kahle.

20 Ngikholwa ukuthi sihambile futhi safundisa abantu, okungukuthi kuhle, akukho okumelene nakho, futhi sakha amabandla, amahlelo, izinhlangano, futhi phakathi lapho sidwebe umugqa njengobuzalwane obuthize, njengeBaptisti, iMethodisti, iPresbyterian, iLuthela, amaPentecostal, onke kanjalo, futhi sadweba imigqa emincane ehlukanisayo eyakwehlukanisa. Ukuba besikhohliwe ngalokho, futhi nje sahamba ngamandla kaMoya kaNkulunkulu, ngothando lobuzalwane kubo bonke abantu! "Lokhu bonke abantu bazokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye."

21 Manje, ngikholwa ukuthi *Leli* liyiZwi likaNkulunkulu, ngithanda nje ukuthatha indikimba encane, njengoba ngichazile izolo ebusuku. Ngaphambi kokuba senze lokho, ake sikhulume noMlobi umzuzu nje futhi namakhanda ethu ekhotheme.

22 Nkosi Nkulunkulu, ngibonga kakhulu kuWe ngalenhlanhla enkulu yokwazi ukufunda iZwi laKho, nokukhuluma, nokuthoba izinhliziyo zethu phambi kwaKho ngenxa yokusebenza kukaMoya oNgcwele. Manje siphe, Nkosi, iZwi laKho. Khuluma okuthile obekuyokhuthaza amakholwa ukuba akholwe. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

23 Ngale eNcwadini kaLuka oNgcwele okokufunda nje umBhalo okuncane okwengqikithi kulobubusuku, ngingathanda ukufunda e—esahlukweni 18 nevesi 37.

> *Bathi kuye, uJesu waseNazaretha* uyadlula.
>
> *Yayisimemeza, ithi, Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele.*

24 Wena uthi, "Lokho ukufunda umBhalo omncane kabi kabi, Mnu. Branham, ukubhekelela iqembu labantu elinjengaleli kulobubusuku ngobusuku benu bokugcina edolobheni."

25 Niyabo, lokho ngukufundwa komBhalo okuncane, kodwa akusikho ukuthi kuncane kangakanani, kungukuthi kuyinani elingakanani, inani alibekwa phezu kobuningi, kodwa ubunjalo; kancanyana nje.

26 Kodwa esikhathini esithile esedlule edolobheni laseLouisville, eKentucky, ngapheseya nje kwedolobha lakithi elincane, nganginomngane womfana omncane laphaya owayezulazula ekamelweni elingaphansi kophahla elidala ngolunye usuku, futhi wathola i—itranki elidala. Futhi wayebuka ngale kwetranki elithize, futhi wathola esidadlana, isitembu sokuposa esiphuzi cishe isikwele esinguhhafu we-intshi. Futhi wacabanga ukuthi lena kwakuyinto enhle kakhulu, ukuthi angahle akwazi ukuba nozuka kuyo, ukuthi wayezohamba azitholele u-ayisikhilimu. Ngakho

uphuthuma ehla ngesitaladi eya kumqoqi wezitembu, wayesethi, “Mnumzane, uzonginika malini ngalesisitembu na?”

Nomqoqi masinya wathatha ingilazi yakhe wase esibuka, wathi, “Ngizokunika idola ngalesositembu.”

Wathi, “Ukwenzile ukuthengisa.” Futhi wamthengisela isitembu ngedola elilodwa.

27 Kusobala umfana omncane ene, emqondweni wakhe eno ayisikhilimu, washo wehla ngesitaladi ukuyothenga u-ayisikhilimu wakhe. Cishe emavikini amathathu leyondoda yathengisa lesositembu ngamadola angamakhulu amahlanu, kamuva sathengiswa ngamadola angamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, futhi ngigcina ukuzwa ngalesositembu, sibiza ikota yesigidi samadola.

28 Niyabo, esincane, isiqephu sephepha esiphuzi, kwakungesilo inani lephepha, kwakuyi, inani laliyilokho okwakubhalwe ephepheni. Futhi yilokho lokhu kufundwa komBhalo okuncane okuyikho kulobubusuku, akusikho ukuthi kungakanani, kuyilokho okulotshwe kulo. Iphepha liyiphepha elejwayelekile enilenza lapha ezigayweni zenu, kodwa lokho okulotshwe lapho yiZwi elingenakuphosisa likaNkulunkulu ongafiyo.

29 Futhi akekho umuntu obaluleke ukwedlula izwi lakhe. Uma ngingenakulithatha izwi lakho, khona-ke angeke ngibe nokusebenzisana nawe; uma ningenakulithatha izwi lami, beningeke ningethembe. Ngakho yileyondlela okungayo ngoNkulunkulu, uma Enze isithembiso, Ufanele asigcine lesosithembiso, uma engasigcini lesosithembiso, khona-ke Akasuye uNkulunkulu.

30 Futhi uma isimo esibucayi esithize sivuka, futhi uNkulunkulu enze okuthile kuleso simo esibucayi, khona-ke Uzofanele enze ngokufanayo ngokwesibili Akwenzayo, kungenjalo Wenza ngokungesikho ngenkathi Enza okokuqala. Uma othile wayegula, futhi uNkulunkulu wabuzwa, futhi uNkulunkulu wamphulukisa lowomuntu, futhi khona-ke okwesibili umuntu agule, noNkulunkulu uyabuzwa, Uzofanele aphulukise okwesibili, noma Wenza okungalungile ngenkathi Enza okokuqala, ngokuba uNkulunkulu ungongenasiphelo.

31 Singabanesiphelo, siba nokuhlakanipha ngokwedlulele, njengoba . . . futhi izizukulwane zethu ziya ngokukhalipha ngokwedlulele futhi ziba nobuhlakani kakhulu, usosayensi wethu uqhubekela phambili, kodwa uNkulunkulu, engongenasiphelo, Uzofanele aphelele ngaso sonke isikhathi. Angeke ahlakanipha ngokwedlulele noma angeke alahlekelwa yinoma yibuphi ubuhlakani baKhe, Uzofanele ahlale efana.

32 Yilapho ithemba lethu lingaphumula khona, ngesizotha, phezu kwalokho Akushoyo ukuthi kuyiqiniso, uma kungenjalo, khona-ke a—angikwazi ukuMkholwa. Futhi uma leliBhayibheli linga . . . Uma izithembiso Azenza kuleliBhayibheli zingesilo

iqiniso, khona-ke akusilo iBhayibheli, noma akekho uNkulunkulu; kodwa uma izithembiso zeBhayibheli ziyiqiniso futhi uNkulunkulu uqinisa lezozithembiso, khona-ke UnguNkulunkulu weBhayibheli, eliyiZwi laKhe, kucace nje njengoba bekungaba njalo.

33 Manje, inkundla yethu iyavuleka kulobubusuku, futhi ngifuna ukuyikhuluma njengomdlalo wasesiteji omncane nje, ukuze singabi nesikhathi esiningi sokulibala, ngenxa yokuthi sifuna ukungena emgqeni. Ngokwejwayelekile emihlanganweni emikhulu, uDkt. Vayle uyakhuluma, futhi nje ngizela izinkonzo zokuphulukisa ukukhulekela abagulayo.

34 Manje, lokhu makuqinisekiswe kahle enhliziyweni yawo wonke umuntu, angikwazi ukuphulukisa noma yimuphi umuntu, futhi akekho omunye umuntu emhlabeni ongaphulukisa umuntu, uNkulunkulu nguyena kuphela uMphulukisi okhona. Akukho nelilodwa iconsi lomuthi owake waqanjwa ongake uphulukise umuntu. Odokotela abazisho ukuthi bangabaphulukisi.

35 Ngike ngaba nengxoxiswano ngabakwaMayo Brothers, nezininingi zezikhungo ezinkulu zokwelapha okunjengofuba, nokunye nokunye, kwezwe, futhi angikaze ngizwe nakanye, ukuthi noma yimuphi owangempela, udokotela ophila saka owake washo ukuthi wayengaphulukisa. Angephulukise, uNkulunkulu unguMphulukisi. Ukuphulukisa kungukuphindaphindeka kwamangqamuzana, okungokudaliweyo, okudaliweyo kungavela kuphela kuNkulunkulu. Manje, asisho ukuthi abathembekile odokotela bethu ngemithi yabo nangezibhedlela zabo ezinhle.

36 Kodwa bukani, siphila osukwini lapho sinezibhedlela ezedlula zonke esake saba nazo, odokotela ababedlula bonke esake saba nabo, umuthi ongcono ukwedlula yonke esake sayisebenzisa, nokugula okuningi ukwedlula esake saba nakho. Sinesiningi kakhulu isono nokungakholwa kunalokho esake saba nakho. Niyabo?

37 AmaHubo 103:3, uNkulunkulu wathi, "NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zenu." Awu, manje uma Athi *zonke*, khona-ke nje Wayengaqondile *ingxenye*.

38 Isibonelo nje njengalokhu: Ukuba-ke ubugwedla imoto futhi wephuka ingalo yakho, futhi ugijimela ehhovisi likadokotela, wathi, "Doc, phulukisa ingalo yami ngokukhulu ukushesha, ngifanele ngigwedle imoto yami"?

Ubeyothi, "Udinga ukuphulukiswa kwengqondo." Awu, kunjalo. Niyabo? Angahlela ingalo yakho, kodwa uNkulunkulu uzofanele aphulukise, kulula kanjalo.

39 Ukuba-ke ngisike isandla sami kulobubusuku ngommese na? Futhi, asinawo umuthi owenele ezweni lonke ukuphulukisa lokho kusikwa ngummese.

40 "O," wena uthi, "Mfowethu Branham!"

Lelo yiqiniso. Umuthi oyophulukisa ukusikeka esandleni sami ubuyophulukisa ukusikeka ebhantshini lami, ubuyophulukisa ukusikeka kulelideski.

Wena uthi, "Wenzelwe umzimba wakho, Mnu. Branham, hhayi elakho—ibhantshi lakho nedeski."

41 Kulungile, khona-ke uma ngemukela lokhu kusikwa ngummese esandleni sami futhi ngiwa ngife, futhi bangikhiphela endaweni yomngcwabi, futhi lapho bagqumisa umzimba wami ngoketshezi olungenza ngibukeke ngingowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu, nsuku zonke bafika banginike umjovo kazifozonke, banginika umuthi i-sulfa yamagciwane, futhi bathunga indawo, bagcoba yonke imithi yokugcoba isilonda neMerthiolate kanjalonjalo, ebingafakwa kuleyondawo, iminyaka engamashumi amahlanu kusukela namhlanje ukusikeka kuzobukeka ncamashi njengoba kwakunjalo ngenkathi ngikusika. Manje-ke uma kuphulukisa umzimba womuntu, akuphulukisi ngani na?

"O," wena uthi, "ukuphila kuphumile kuwe."

42 Kunjalo. Manje-ke yikuphi ukuphulukisa, umuthi noma ukuphila na? Ukuphila ngumphulukisi. Ngitshele ukuthi ukuphila kuyini, khona-ke ngingakutshela ukuthi uNkulunkulu unguBani, ngokuba UngukuPhila okuPhakade. Ngakho, Nguye kuphela uMphulukisi.

43 Manje, umuthi, udokotela ususa i-aphendiksi uma une-aphendiksi, into enhle kudokotela ukuyisusa, uma unesimila, makasikhiphe, kodwa uNkulunkulu uzofanele aphulukise lapho asike khona. Akanalutho lokukuphulukisa, ngakho angasusa i—into, kodwa angeke aphulukise lapho bekukhona, ngakho kuthatha, uNkulunkulu unguMphulukisi.

44 Futhi ubuyothi, "Awu-ke, Mfowethu Branham, kuthiwani ngomjovo kazifozonke lapho unomkhuhlane omubi na?"

45 Leyo yinto efana, ukuba-ke ubunendlu egcwele amagundane futhi belidla izimbobo ezindongeni, futhi uhambile futhi wathola uphoyizeni wamagundwane, wafaka uphoyizeni emagundaneni na? Lokho akupheshi izimbobo, lokho kubulala amagundane kuphela. Ngakho, kungaleyondlela ngokuphulukisa. Niyabo? Umjovo kazifozonke ubulala igciwane, kodwa uNkulunkulu uzofanele akhe lapho ebelikhona. Niyabo? UNkulunkulu unguMphulukisi ngaso sonke isikhathi, uNkulunkulu unguMphulukisi. Ngakho, uNkulunkulu uyaphulukisa.

46 Futhi Usevele ukwenzele wena ekubuyisaneni, ngenkathi Efa eKalvari, uJesu Kristu, lapho Wathenga insindiso yakho nokuphulukiswa kwakho. Futhi into kuphela ongayenza, ngukubheka kuYe futhi ukukholwe, njengoba wenza nje lapho

usindisiwe ezonweni zakho, ngokuba, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina."

47 Esigcawini sethu kulobubusuku, kuseJeriko, ezansi le ngezansi kweJerusalema. Futhi kulomuzi omkhulu, owake wama lapho njengesikhumbuzo senye yezindawo ezinkulu zesizwe, sithola ukuthi kukhona, njengoba sibuka, esincane, isinxibi esimanikiniki sihamba kancane eceleni kwemfucumfucu ezungeze izindonga, izindunduma ezindala. Futhi besingathi kwakulusuku oluhle. Nalomfo omncane, igama lakhe nguBartimewu, futhi uyimpumputhe. Sifundiswa ukuthi wayekade eyimpumputhe iminyaka eminingi, eminingi. Futhi uthola indlela yakhe ezungeza ukuzama ukuya emasangweni, ngokuba kungamasango lapho abaningi babantu bebhizinisi, abahwebi, nokunye nokunye, bengena bephuma.

48 Ngalezozinsuku, kwakukhona izinxibi eziningi, abanochoko, futhi lapho umuntu eya emsebenzini wakhe wasekuseni futhi wayenezinhlamvu zemali ezimbalwa ezengeziwe, mhlawumbe isinxibi esithize esihlangane naye kuqala, wayesinika uhlamvu lwemali, bese kuthi-ke lokho kwakungokukhulu kakhulu ayengakukhona ngalolosuku, sasidingeka silinde mhlawumbe kuze kube ngolunye usuku. Awu, kwenza. . . Ukunxiba kwakuyibhizinisi elibi, futhi izikhathi eziningi babelamba futhi bengenalutho.

49 Futhi ake sicabange ukuthi kulokhu ukusa, lowoBartimewu oyimpumputhe, esikhuluma ngaye, wayekade engasemasangweni omuzi, noma, izitaladi zomuzi, futhi wayeleyithi kancane ukuvuka, futhi ngakho zonke ezinye izinxibi zazimshiyile. Ngakho, uya ngaphandle kwesango futhi lapho uzitholela indawo yokuhlala phansi. Futhi nje emizuzwini embalwa emva kokuhlala lapho, kuthi ukubanda kancane, futhi wangena esithunzini sodonga lwesakhiwo esithile, siyezwa kwehla ngomgwaqo ukuqhwabaza kwezinyawo zembongolo encane.

50 Futhi lapho esondela uzwa lembongolo encane isondela, futhi uyasukuma futhi uyaphuma egijima, futhi wathi, "Ngihawukele! Ngiyimpumputhe futhi nginomndeni okufanele ngiwunakekele. Yiba nomusa!"

Futhi esikhulukazi, isigqila esinsundu senyukela kuye, sathi, "Suka endleleni!"

Nalomfo (Wathi, "Yiba nomusa!"), owayegibele imbongolo, wambiza ecela umusa.

51 Futhi wathi, "Mnumzane, suka endleleni yami! Ngiyinceku yeNkosi, futhi ngisendleleni yami eyehlela eJeriko, kuzoba nomprofethi owuhlanya ongena kulelodolobha namhlanje, nenhlangano yabefundisi ingibizile. Futhi ngingomunye wamagosa esigodi sabo, ngakho ngifanele ngibe lapho emhlanganweni, anginaso isikhathi sokunika izinxibi

izinhlamvu zemali." Uma lokho kungesikho nje mayelana nesimo sokuziphatha sabanye abaseMelika besimodeni!

52 Ukuba-ke bekunguwe ohlezi lapho uphuphuthekile na? Futhi khona-ke akusikho lokho kuphela, kodwa abanye abantu ababezibiza ngamaKristu, kulula kakhulu ukwedelela umuntu onjalo ocela umusa. Ungalokothi ukwenze lokho. Njalo yenza okwedlula konke ongakwenza kumfowethu ompofu oke waba neshwa elinjalo.

53 Futhi yena, simbona manje ubuyela emuva, futhi uphumputha nxazonke, futhi uthola idwala futhi uhlala phansi futhi uqala ukucabanga. Ake silandele imicabango yakhe imizuzu embalwa. Uyacabanga manje, uhamba ngale ekukhanyeni kwelanga lapho okufudumele khona. O, sengiyabona nje! Anithandi ukuhlala phansi lapho kumnandi khona futhi kufudumele ukucabangisisa izinto, nihlale nje niphuphe emini na?

54 Izikhathi eziningi phezulu ezintabeni, ngikhuphukela le ngaphezu kwemithi yokwenza amapulangwe lapho ngizingela eMelika, naphezulu lapho, futhi kwakuyobanda kakhulu, bese-ke nje ngihlala phansi ndawondawo lapho umoya ungavunguzi khona futhi nje ngicabange ngezinto.

55 Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uphila emvelweni, Uphila ezilwaneni zaKhe. Lapha eminyakeni embalwa edlule, eminyakeni emine noma emihlanu edlule, ngangikade ngizingela izinyamazane ama-elki phezulu le phezulu eRockies, emuva lapho eplazini lezinkomo, futhi kwakungekho muntu ngaphakathi, ngiqagele, amamayela angamashumi amathathu nanhlanu noma amashumi amane, kodwa nje umfuyi wezinkomo, lo ophethe iplazi lezinkomo, nami uqobo, futhi ungumzingeli omuhle. Futhi ngakho, sahamba saya phezulu, ngoba ikwindla lalisheshile, namaqhwa ayengakafiki ukuzokwehlisa i—izinyamazane ama-elki, nokho. Futhi ngakho-ke wathi, "Billy, thatha ihhashi lakho lokuthwala umthwalo bese uhamba ngakwesokudla, ngizowela ngaleya, wena uye emfudlaneni ongasempumalanga, ngizoya emfudlaneni ongasentshonalanga, futhi sizohlangana phakathi cishe kwezinsuku ezintathu emuva ngale ekwahlukaniseni okuxhumanisayo.

Ngathi, "Lokho kuzoba kuhle, Jeff."

56 Ngakho sasuka sahamba. Ngosuku lwami lwesibili, ngangisondela eduze kwalokho okubizwa ngeCorral Peaks, lapho engangiqhuba khona izinkomo phakathi lapho kusukela ngisengumfana. Futhi sasi. . . Ngangicishe impela ngiyofika emithini yokwenza amapulangwe, futhi lapho ngihamba, kwenyuka isiphepho, imvula, futhi ngagijima ngangena emva kwesihlahla, ngithi nje ukulinda kuze kudlule isiphepho, futhi kwabakhona okupheshuliwe phakathi lapho. Futhi emva

kokuba isiphepho sesedlule . . . Lizokuna isikhashana, bese kuba yiqhwa isikhashana, khona-ke ilanga lizophuma, iziphepho zifika ekwindla lonyaka. Kwakungaphambi kwesikhathi kancane ukugijimisa inyamazane i-elki yehle, nokho.

57 Ngakho ngenkathi ngisami emva kwalokhu, isiphepho sadlula. Futhi emva kokuba isiphepho sesidlulile, ilanga lalunguza njengoba lalishona, libuka emifantwini yamadwala, futhi kwaphenduka kwabanda, namanzi ayenze iqeqeba lamakhaza isihlahla esihlala siluhlaza, futhi kwakukhona uthingo lwenkosazana oluza phezu kwe—isigodi. Ngase ngiphuma emva kwalesisihlahla esithize, ngase ngibuka, futhi ngacabanga, "He, nango uNkulunkulu kulolothingo lwenkosazana, ngokuba Wenze isithembiso." Ube wedwa nje ngesinye isikhathi futhi ukucabangisise, ubone ukuthi uNkulunkulu angasondela kangakanani kuwe.

58 Futhi ngisahlezi lapho, noma ngimi lapho, njalo, ngezwa iduna elidala lenyamazane i-elki likhala, futhi lalilahlekile emhlambini ngesikhathi sesiphepho. Nempisi endala empunga yaklewula phezulu entabeni, nomata wayo wayiphendula ezansi esigodini. Njengoba uDavide athi, "Lapho utwa lubizana notwa!"

59 Umama wami uyiNdiya ingxenye, futhi ukuphenduka kwami akuzange kukukhiphe lokho kimi. O, kukhona into eyiyo ngempela lapho uphumela emvelweni! Futhi ngimi lapho, ngabeka izandla zami phezulu emoyeni, ngase ngithi, "O Mdali oMkhulu, Owenza amaZulu nomhlaba, Umkhulu kangakanani ukuba ungivumele ngibe lapha! Kungani ngingakwazi ukuhlala lapha na? Mangiphile lapha nje, ngokuba," ngathi, "ngazalelwa kulamaphethelo."

60 Ngazizwela cishe impela, ngiqagele, njengoba nje kwenza abaphostoli eNtabeni yokuGuqulwa isimo, bathi, "Masakhe amadokodo amathathu." Kodwa phansi ekugcineni kwentaba, kusobala, ngababagulayo nabadingayo.

61 Futhi ngenkathi ngisacabanga ngalokho, ngaqaphela ingwejeje endadlana yeshoba, yagxumela egatsheni elidala eliphephukile lapho, futhi iqala umsindo omubi kunayo yonke owake wayizwa, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke! Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!"

"Awu," ngacabanga, "Nkulunkulu, kungani Ubungasusa ukunaka kwami kuWe ukuba ungivumele ngiqaphele leyongwejeje endadlana na?"

62 Futhi, o, yayigxumagxuma phansi naphezulu sengathi yayizobulala yonke into emahlathini. Futhi nje ingumsindo wonke, akukho lutho kuyo. Futhi ngenkathi isagxumagxuma ngapho, ngangi—ngangikade ngithi, "Ayibongwe iNkosi," izandla zami ziphakeme. Futhi ngiqagele ukuba babenomuntu emahlathini, babeyocabanga ukuthi babenohlanya phandle

lapho, kodwa ngangingenandaba, ngangikhonza uNkulunkulu Owenza lawomazulu nomhlaba.

63 Futhi nje ngangibuka lengwejeje endadlana, ngacabanga, "Kungani Ehehe ukunaka kwami na? Yini ebingaba ngukumesaba uNkulunkulu ngalowomfo na?" Futhi ngaqaphela ukuthi wayengangesabi kangako, kodwa wayekhipha iso lakhe elincane, ebheke phansi. Futhi ngacabanga, "Yini indaba na?"

64 Nesiphepho sasiphoqelele ukhozi olukhulu phansi kulowodoti wokuphephukile; ukhozi olukhulu lwagxumela egatsheni. Awu, angizange ngibe nezinhlonipho eziningi kakhulu ngokhozi, kodwa ngacabanga, "Nkulunkulu, Ubungake ululethe kanjani lolokhozi manje phambi kwami na?" Futhi ngaqaphela ukuthi lwalungayesabi ingwejeje yeshoba, kanjalo nami.

65 Futhi ingwejeje encane yayiqhubeka nje kulo. Futhi ngacabanga, "Awu, lokho ngukumesaba uNkulunkulu, ngoba alwesabi." UNkulunkulu akafuni-muntu owesabayo ukufakaza noma asho okuthize ngaYe. Uba isikhonzi esibi njengomKristu uma unamahloni ngoNkulunkulu Owakusindisa, Owakwenza.

66 Futhi lolukhozi lwalungesabi, futhi ngacabanga, "Ini. . .? Kungani wena ungesabi na?" Ngiqala ukuqaphela lwaluthatha izimpaphe zalo futhi luzwe amaphiko alo, uma ayesesimweni sokundiza. Ngase-ke ngicabanga, "Nkulunkulu, uma Unika lolokhozi ukuzethemba ngokwenele emaphikweni alo ukwazi ukuthi lungasuka kimi, bekufanele kakhulu kangakanani ibandla noma umuntu, inqobo nje uma sazi ukuthi uMoya oNgcwele usizungezile na? Ungasikhulula kakhulu kangakanani uMoya kaNkulunkulu, kunoma ukhozi luzokhululwa ngamaphiko alo emvelo na?"

67 Siyigwala elinje pho ukuzama ukuvuma ubuKristu, futhi sinamahloni ukusukuma kukho! Isithembiso sikaNkulunkulu siyiqiniso, khona-ke siyiqiniso.

68 Futhi ngaluqaphela, futhi lwalungabonakali sengathi ngangiluphazamisa kakhulu kangako, ngakho ngathi, "Uyazi ukuthi ngingakudubula na?" Lawomehlo amakhulukazi ampunga angibuka. Futhi lwalazi ukuthi ngangingezukuludubula. Ngase ngithatha isibhamu sami, lwabhakuzisa amaphiko alo kancanyana lwase lungibuka, futhi lwabheka phezulu *kanjalo*. Lwalazi ukuthi lawomaphiko ayengaluthatha alufake kuleyomithi yamapulangwe, ngaphambi kokuba ngithole isibhamu esandleni sami.

69 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ngempela Ukuyo yonke indawo. Ukuleyonyoni, Ukulolothingo lwenkosazana, Usempisini, Usenyamazaneni i-elki, Ukuyo yonke indawo!"

70 Futhi ngaluqaphela, futhi emva kwesikhashana lwanela yilowo "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!" futhi nje lwenza ukugxuma okukhulu kakhulu futhi lwabhakuzisa amaphiko

alo cishe kabili, ngase-ke ngibona into ethize yenzeka ebiyoba yisifundo sethu sonke: Aluzange luzame ukubhakuza luye emuva naphambili, futhi lubhakuze, futhi lubhakuze, futhi lubhakuze, lalwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo, futhi ngaso sonke isikhathi umoya wawukhuphuka kuleyontaba, lwaluvele lugibele phezulu, phezulu, phezulu, lwaze lwaba yibadlana nje.

71 Futhi ngama lapho futhi ngakhala izinyembezi, ngokuba ngacabanga, "Yilokho-ke, Nkulunkulu. Akusikho ukujoyina iMethodisti, bese-ke ushiya lelo, futhi ujoyine iBaptisti, futhi ushiye lelo, futhi uye kumaPresbyterian, noma iPentecostal, kungukwazi ukuthi ukuhlela kanjani ukukholwa kwakho emagagasini kaMoya oNgcwele futhi ugibele usuke kulona, *tshweke*, *tshweke* lapha nalaphaya, uthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa nguNkulunkulu. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Hlela nje ukukholwa kwakho kuNkulunkulu, futhi uvumele uMoya oNgcwele ukuhambise uthi ngqu uphume ebangeni lokuzwa kwakho, uhambe ngomkhumbi, phumani emfucumfucwini yalesi simodeni, esifundile, isizukulwane esinobuhlakani esiphila kuso, ube wedwa ngesinye isikhathi futhi uphuphe, ukucabangisise, thatha iBhayibheli lakho.

72 Ngingenzi ukubukisa ngomngane wami ohlezi lapha, uMnu. Call. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi senyukela emfudlaneni omncane ngaphesheya kwaseLowes, futhi wayezongikhombisa umfudlana othize owehlayo, izimpophoma, kimi wawuneNiagara ishaywa ngamamayela ayisigidi, futhi wathi kimi, "Ngabe kukwenza uzizwe umncane na?" Kwakuyini na? Kwakungukubona umsebenzi wezandla kaNkulunkulu uSomandla, ube wedwa, uthathe iBhayibheli lakho, utadishe.

73 Kulendawana, isinxibi esithize esigama lingu—lingu—linguBartimewu sihlezi esangweni, wayecabanga ngalezozinto, futhi lapho ehlezi lapho, into yokuqala uqala ukucabanga, "Ngenkathi ngisengumfanyana, nganginokubona, futhi ngiyakhumbula ngenkathi ngangivame ukudlala emagqumeni amancane ngaleya, futhi ngicoshe ezinhle, izimbali ezincane eJudiya. Futhi ngiyamkhumbula umama wami othandekayo, ukuthi wayengigona kanjani ezingalweni zakhe," futhi aphulule ezakhe ezincane, izinwele ezimnyama emuva emehlweni akhe amancane, aluhlaza sasibhakabhaka, "bese ethi, 'Bartimewu, uyazi, ungonomoya omuhle kunabo bonke, umfana omncane.' Nokuthi wayevamise kanjani ukungithunduzela ezingalweni zakhe futhi angixoxele izindaba zeBhayibheli."

74 Niyazi ukuthi iMelika idingani na? Ngumama abaningi abanjalo. Hhayi kakhulu kangako ngoDavid Crockett, no—no—Elvis Presley, no-Arthur Godfrey, kodwa ngoKristu neBhayibheli. Ziningi kakhulu izinganyana kulelidolobha kulobubusuku ebezingakutshela ngo-Elvis Presley,

kunoma kukhona. . .zinitshele kakhulu ngaye, kunoma bezingenza uJesu Kristu, bese-ke uyamangala ukuthi kungani sinobuhlongandlebe bentsha, igwaza abantu bafe esitaladini, siba unyaka wokuguliswa yimizwa, yingoba sishiye uNkulunkulu ngaphandle, futhi semukele izivumokholo ebandleni lethu, esikhundleni sikaMoya oNgcwele. Kunjalo impela.

75 Nomqondo wakhe omncane waqala ukubuyela emuva, o, ukhumbula indaba ethize, kwakumayelana nomprofethi omkhulu u-Elisha no-Eliya, kanjani ukuthi owesifazane waseShunemi. . .ngoba kwakukhona umfanyana ofakiwe kukho. Kanjani ukuthi owesifazane waseShunemi wayeyinyumba, futhi wayenomusa kakhulu kumprofethi, u-Elisha. Futhi ngolunye usuku esemakhele indawo encane ukuba aphumule eceleni kwendlu yakhe, wathi encekwini yakhe, uGehazi, "Ngena bese umcela ukuthi ngingamkhulumela enkosini, noma enduneni enkulu."

Wathi, "Qhabo. Ngingowesifazane ohlala nabantu bakithi," wayesethi, "Ngi—nginakho nje konke engikudingayo."

Kodwa uGehazi wathi, "Uyazi, akanabantwana, nendoda yakhe isindala."

76 NoBartimewu omncane wayevame ukuyithanda leyondaba, ngakho wayethi, "Ngixoxele yona, Mama."

77 Futhi ngolunye usuku emva kokuba ebusisiwe, nengane encane yafika, ufanele ukuthi wayecishe abe neshumi, iminyaka eyishumi nambili ubudala, wayenoyise phandle ensimini, futhi kufanele ukuthi kwakuyisikhathi sokuvuna ifolishi, futhi ufanele ukuthi waba no—unhlangothi, ukushaywa unhlangothi welanga, ngoba uqala ukukhala, "Ikhanda lami! Ikhanda lami!" Uyise wamthumela endlini, futhi walala ethangeni likamama wakhe kwaze kwaba cishe, o, ngingathi, cishe emini. Futhi ngenkathi, ufanele ukuthi waba nokugula ngempela, futhi emva kwesikhashana, kwakungekho kuphefumula kuye futhi wafa.

78 Uyamthatha futhi umyise ngale ekamelweni lomprofethi futhi ambeke embhedeni. Indawo enje pho ukumyisa kuyo! Wathi, "Bophela umnyuzi bese uya eNtabeni iKameli, ngokuba ngifanele ngibone lenceku kaNkulunkulu. Futhi ngifuna ukuthola, uma uNkulunkulu wayengangitshela ukuthi ingane yami yayiza ngenkathi sengiyisalukazi, impela Angangitshela ukuthi kungani Athatha ingane yami, no-Elisha ungomele Yena, ngizohamba ngithole."

79 Futhi washesha ngomnyuzi omncane, waze wafika kumprofethi. Futhi wathi, "Nangu eza lowo wesifazane waseShunemi, futhi uNkulunkulu akangembulelanga ukuthi iyini inkathazo yakhe." Futhi lalela lokhu, mngane, ngiyakuthanda nje lokhu: Wathi, "Usahlezi kahle yini, nendoda yakho, nomntwana na?"

80 Wathi, “Konke kuhamba kahle.” Nengane iyisidumbu. Niyabo, wayefike phambi kwalomprofethi, wayazi ukuthi wayengumsebenzeli kaNkulunkulu.

81 Leyo yinto efanayo uMarta ayenzayo ngenkathi eza phambi kukaJesu, “Uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga.” Niyabo? Wayazi ukuthi wayephambi komele uNkulunkulu. Futhi akukubi yini kakhulu ukuthi thina befundisi beVangeli siyizikhonzi ezibuthakathaka kanjalo zaKhe namhlanje, njengoba sizisho ukuthi singabamelele Yena na?

82 Futhi wembula kuye okwakwenzekile. Futhi wathi kuGehazi, “Bopha izinkalo zakho, bese uthatha udondolo lwami ulubeke phezu kwengane.” Futhi uGehazi waya phambili.

83 Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho odondolweni, kwakukumprofethi, ngakho wathi, “Angiyikukushiya.” Wayezohlala nephuzu lakhe. Ngiyakuthanda lokho, hlala nakho, uNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uzofanele asinakekele isithembiso saKhe; wahlala nomprofethi.

84 Waya ekamelweni, akazange amkhulekele umntwana, wahamba eya emuva naphambili, ehla enyuka kwiphansi lendlu. Yena nomntwana ofile ndawonye. Khona-ke uMoya kaNkulunkulu ufika phezu komprofethi, futhi wahamba futhi wabeka umzimba wakhe phezu kwakhe, nengane encane yathimula kasikhombisa futhi yaphila.

85 O, uBartimewu omncane wayevamise ukuyithanda kanjani leyondaba! Bese kuthi-ke ukucabanga, ukuthi phakathi kwamafidi angamashumi amabili ukusuka lapho ayehlezi khona, lowomprofethi omkhulu, u-Eliya no-Elisha abahamba khona bebambene ngengalo ngqo ngasodongeni lapho ayehlezi khona, behlela eJordani, ukuhlukanisa iJordani ukuba bahambe bawele emhlabathini owomile.

86 Ngiyamuzwa uBartimewu njengoba athi, “O, ukuba ngangiphile ngalolosuku, ngangiyophuthuma ngiphume futhi ngithi, ‘O, mprofethi kaNkulunkulu, yiba nomusa kimi futhi ungikhulekele, ukuze ngemukele ukubona kwami.’ Kodwa o, maye, umpristi ungitshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

87 Lokho ngukukhala kosuku. Uma izinsuku zezimangaliso selwedlule, khona-ke usuku lukaNkulunkulu selwedlule, ngoba Uhlala enguye, iBhayibheli lasho, izolo, namuhla, naphakade.

88 Kodwa kwakukude kakhulu, umoya uthola ukubanda kancane, ithunzi liza lisondela, umyisa ngale emthunzini, ephuma emthunzini eya elangeni futhi bese kuthi-ke uqala ukuphupha. Yebo, uyakhumbula ukuthi unina wayevame ukumtshela ngazo zonke lezozindaba, bese kuthi-ke nje ngqo ezansi nomgwaqo, hhayi amayadi angamakhulu amahlanu ukusuka lapho ayehlezi khona, omkhulu, uJoshuwa onamandla

wehlela emfuleni ngoluny'usuku wayesethatha umphongolo weNkosi, namanzi aseJordani abuyela emuva entwasahlobo ngenkathi uzamcolo wawukhona, futhi wawela iJordani, naye wonke u-Israyeli, emhlabathini owomileyo.

89 UNkulunkulu omkhulu waseZulwini wayenze lokho kungesiwo amayadi angamakhulu amahlanu ukusuka ku*leyo*ndlela, futhi kungesiwo amayadi angamashumi amabili nga*le*ndlela, u-Elisha no-Eliya babedlulile ngolunye usuku futhi babenze into efanayo. Mngane wami, uNkulunkulu usafana.

90 Qaphelani, wayesecabanga-ke, "Lona kanye lelidwala engihlezi kulo, lake laba sesiqongweni sodonga, naleyompi enamandla ka-Israyeli yamasha yazungeza loludonga izikhathi eziyishumi nantathu futhi yabetha icilongo, futhi ngenkathi ikwenza, uNkulunkulu waseZulwini wazamazamisa izindonga zawa phansi, futhi ngihlezi edwaleni. Ukuba-ke ngangilapha ngenkathi uJoshuwa wayelapha na? Ngangiyogijimela kuye, futhi ngithi, 'O, mprofethi kaNkulunkulu, yiba nomusa kimi!' Kodwa izinsuku zezimangaliso selwedlule, umpristi usho njalo, asisenazo, zona zazisemuva le ezinsukwini zikaMose noJoshuwa, nasemuva ngalezozinsuku, asinalo namhlanje." Bacabanga into efanayo namhlanje, kodwa akunjalo.

91 "Kwase kuthi-ke, ngaqaphela futhi," wacabanga, "o, awu, uyazi, ngenkathi uJoshuwa ephumile ezihambela, leyonduna enkulu yempi, neqhawe elikhulu, ngolunye usuku wayehamba ngaphambi kokuba avimbezele leJeriko enkulu, futhi lapho esahamba, wabona iNdoda imi nenkemba yaYo ihoshiwe. UJoshuwa wahosha inkemba yakhe, wayesethi, 'Ngabe Ungakithi na? Ngabe Ungowesitha sethu na?'

92 "NaleliQhawe elikhulu limi lapho nenkemba esandleni saLo lathi, "Qhabo; NgiyiNduna yebandla leNkosi." UJoshuwa wahlwitha isigqoko sakhe sesivikelo futhi wawela ezinyaweni zaLo."

93 O, uBartimewu oyimpumputhe wayeyothi, "Ukuba nje ngangikhona ngaleyonkathi!" Wayengazi ukuthi leyoNduna yebandla efanayo yeNkosi yayingekude ngamayadi ayikhulu kuye.

94 UNkulunkulu ukuvumela ucabange ngezinto. Utadishe ngakho, kuyilokho okuzela ebandleni. "Uma kukhona ukubongwa, uma kukhona okuhle, zindlani ngalezizinto." Ucabanga ngani kulobubusuku na? "Mhlawumbe angeke ngiphulukiswe, ngizobuyela ekhaya." Uzothola ocabanga ngakho. Yiba nakho kunqunyiwe enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, futhi uNkulunkulu uzokwenza. Ungathwali isono sakho ubuyele ekhaya, ungathwali ukungakholwa kwakho, ungathwali isifo sakho.

95 Njengendoda lapha izolo ebusuku esesihlalweni esinamasondo, nabehlukene, awudingi ukusithwala ubuyele

ekhaya, uNkulunkulu uzokukhipha kuso, uma uzokholwa ukuthi Usalokhu enguNkulunkulu ofanayo. Cabanga ngakho ngenkathi usahlezi lapho.

96 Futhi emva kwesikhashana wezwa umsindo. Niyazi, kukhona into ethize exakile, ngokwejwayelekile lapho uJesu ekhona, kunenqwaba yomsindo. Kwaba nomsindo oza ngesitaladi. Kwakwenzekani na? O, abazi. Emva kwesikhashana abanye abantwana begijima bedlula, nakhu kufika abanye besifazane. Futhi wezwa umsindo osabekayo, abanye bethi, "Msuse umzenzisi onje! Ufanele abulawe!"

97 Bese kuthi-ke uzwa lowompristi ofanayo, ephimbweni lakhe ngqo, "Awusho, wena mphulukisi ngokukaNkulunkulu, Jesu waseNazaretha, wena mprofethi waseGalile, ofanele ukuba nguye, bangitshela ukuthi uvusa abafileyo. Awu, sinendawo yamathuna yonke egcwele lapha. Woza ubavuse!"

98 Lowo yilowodeveli ofanayo omdala, owahlangana naYe phezulu lapho ehlane, futhi wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimangaliso, lapha, ake ngikubone uphendula lamatshe abe yizinkwa."

99 Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, kwaphuma amandla, futhi wathola ukuphulukiswa kwakhe. Kodwa kwakukhona isosha elingumRoma elambopha ngebhande lezindwangu ekhanda laKhe, futhi laMshaya ekhanda ngenduku, lase lithi, "Mprofethi, sitshele ukuthi ubani okushayile, futhi sizokukholwa." Akazange awuvule umlomo waKhe, asho izwi kuye. UNkulunkulu akahlekisi, Akadingekile, UnguNkulunkulu.

100 Nguwe odinga ukunxusela umusa. Unesikweletu kuNkulunkulu, futhi hhayi uNkulunkulu kuwe, yisikweletu sakho, hhayi esaKhe. Wenze konke Angakwenza ukukuhlenga, ethumela izibonakaliso, izimanga, izimangaliso, uthumela iNdodana yaKhe futhi Yafa, wathumela abaprofethi, nokunye nokunye, futhi basalokhu begxambuza ngqo esonweni sengathi kwakungakaze kwenzeke lutho.

101 Manje-ke uma wedelela umusa, yinye kuphela into esele, lokho ngukwahlulela. Uma weqa ilambu elibomvu futhi uthole ukushayiswa, ungasoli idolobha, ubufanele ume. Uma uphelela esihogweni ngolunye usuku, ungamsoli uNkulunkulu, Uvayizelise yonke into phambi kwakho Angayivayizelisa, ngisho neGazi leNdodana yaKhe uQobo eNgcwele, futhi ulokhu uvayizelisa njalo njalo. Amaculo ebandla, ukushunyayelwa kweVangeli, ukufundwa kweZwi, izibonakaliso nezimanga phambi kwenu, futhi usalokhu uphuphuthekile, uzimisele nje ukuhamba, noma ngabe uNkulunkulu uyakumisa noma qha. UNkulunkulu akathumeli-muntu esihogweni, uzithumela wena esihogweni ngokwenqaba iNdodana yaKhe.

102 Khona-ke lapho, lapho lesisixuku esikhulu sidlula, abanye bephosa utamatisi ovuthwe ngokweqile, na—nama-apula, nezinto kuYe.

103 Nango Ehamba, uMuntu okukhulunywa ngaye, futhi wedelelwa, futhi wabizwa ngodeveli, ofunda ingqondo, uMuntu ngenkathi Eqala inkonzo yaKhe, baletha indoda kuYe, yayingongazi lutho, indoda engafundile egama linguSimoni, futhi yathi nje ingangena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, "Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJonase."

104 Kwakukhona oyedwa owayemi lapho, wathi, "Lowo nguMesiya!" Waphuthuma ngaphezu kwamamayela ayishumi nanhlanu ezungeza intaba futhi uthola umngane wakhe, wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

Wathi, "Manje awume kancane. Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

105 Wathi, "Woza ubone." Lowo ngumlayezo ongcono kunayo yonke ongawunikeza noma ubani: Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, woza futhi uzitholele wena. Ungathathi okushiwo ngomunye umuntu, kwehlukanise ngomBhalo futhi ubone uma kuyisithembiso sikaNkulunkulu, khona-ke kuhlole ngeZwi.

106 Futhi ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu, mhlawumbe uNathanayeli wamtshela, wathi manje, noma, uFiliphu wamtshela endleleni ezungezayo, wathi, "Lapho ungena eBukhoneni baKhe, uyamkhumbula lowomdobi omdala na? Wamtshela ukuthi wayengubani nokuthi uyise wayengubani. Ngani, lapho ungena eBukhoneni baKhe, cishe Uzokutshela ukuthi wena ungubani."

"Umbhedo," kwasho omunye, "Angikukholwa."

107 Futhi ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Kwammangaza, wathi, "Rabi," noma *mfundisi*, "Ungaze nini na?"

108 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi Ngakubona." Amamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba ngayizolo. Amehlo anje pho! Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

109 Wayenzeni ngaphandle kokuhle na? Kodwa ngoba Akazange abambisane nenkolelo yabo yesimodeni, base belungele ukuMbethela, futhi Wayekwazi, engumProfethi. Hhayi umprofethi kuphela, Wayengaphezu komprofethi, WayenguNkulunkulu enziwe inyama phakathi kwethu. Kungenza ngidabuke kakhulu lapho ngizwa lolusuku lwesimanje, oluzama ukusho ngoJesu Kristu enjengomprofethi nje.

110 Esikhathini esithile esedlule owesifazane wangitshela, ebandleni elithile lehlelo, wathi, "Mnu. Branham, uqhosha kakhulu ngoJesu, umenza abe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "Wa—WayengonobuNkulunkulu, noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye."

Wathi, "Uma ngizofakazisa kuwe ngeBhayibheli lakho, ukuthi wayengesuye onobuNkulunkulu, uzokukholwa na?"

Ngathi, "Uma iBhayibheli lisho njalo."

Futhi wathi, "NgoJohane oNgcwele 11, ngenkathi esendleleni yakhe ukuyovusa uLazaru ethuneni, iBhayibheli lasho ukuthi wakhala izinyembezi."

Ngathi, "Lokho kuhlangene ngani nakho na?"

Wathi, "Wayengeke abe ngonobuNkulunkulu futhi akhale izinyembezi."

111 Ngathi, "Nenekazi, Wayekhala izinyembezi ngenkathi Eya ethuneni likaLazaru, kodwa ngenkathi Edonsa lowomfanekiso omncane waKhe ndawonye, wayesethi, 'Lazaru, phuma,' nomuntu owayesenezinsuku ezine efile wema ngezinyawo zakhe wabuye waphila, lowo wayengaphezu komuntu, lowo wayengaphezu komprofethi."

112 Wayelambile ngenkathi Ehla entabeni ezingela esihlahleni efuna okudliwayo, Wayengumuntu ngenkathi Elambile, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezincezu ezimbili zezinhlanzi futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu.

113 Ngenkathi Elele ngemuva kwalesosikebhe esincane ngalobobusuku, odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle bafunga ukuthi babezoMminzisa. Futhi kwakunjengesivalo sebhodlela olwandle, lapho umkhumbi omncane wawushaya indlela yawo uzungeza. Kodwa ngenkathi Evuka futhi wenyuka, wabeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe, wabheka phezulu, wathi, "Thula, uthi du," nemimoya evunguzayo namagagasi kwahamba kwaze kwayofika emaphethelweni, Wayengaphezu komuntu ngaleyonkathi, lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngalezo zindebe zomuntu, Wayengu-Emanuweli.

114 Ngenkathi Efa eKalvari, Wawukhalela umusa, "Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" Kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi Ephula izimpawu zokufa, futhi wathatha izihluthulelo zokufa nesihogo kuSathane, futhi wavuka futhi ngosuku lwesithathu, Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Futhi namhlanje Uyaphila lapha kulelibandla kulobubusuku phakathi kwethu emandleni afanayo okuvuka kwaKhe Ayeyikho ngaleyonkathi.

115 Wayesendleleni yaKhe ebheke eJerusalema, ikhanda laKhe laliqondile, Akazange ezwe ukukhala ngokulila kwabo. Kodwa

emva kwesikhashana, lesisinxibi esidala esiyimpumputhe sathi, "Ngubani odlulayo na?"

"O, buyela ekhoneni!"

"UnguBani yena na?"

Omunye wathi, "O, thula!"

Futhi onomusa, owesifazane omncane, ngiyakholwa, wahamba wenyuka, wathi, "Ubufunani, mnumzane na?"

116 Wathi, "O, nenekazi elinomusa, ngiyisinxibi esidala esiyimpumputhe, izingubo zami zokugqoka azisekho, a— anginalutho engingaludla, futhi ngingathanda ukwazi ukuthi wonke lomsindo usho ukuthini."

"Ngani," wathi, "mnumzane, awukaze uzwe na?"

"Qhabo, angikaze, nenekazi."

"LowomProfethi waseGalile uyedlula, lowoJesu waseNazaretha."

"UnguBani yena na?"

"Anazi yini ukuthi umBhalo uyasho ukuthi 'INkosi uNkulunkulu wenu izakuvusa umProfethi onjengami. Kuyokwenzeka ukuthi noma ubani ongayikumuzwa lomprofethi uzonqunywa kwabafileyo, noma anqunywe kwabaphilayo,' njalo na?"

Futhi wathi, "Awu, Uhlalaphi na?"

"UngowaseGalile."

"Futhi ngabe NguYe ophulukisayo na?"

"Yebo."

Wayesephakamisa elakhe . . . "O Jesu, Wena ndodana kaDavide, ngihawukele!" Wazuza izethameli.

117 Manje, niyazi Wayengenakumuzwa, uJesu wayengenakukwazi, hhayi konke lokho kuxokozela, Akakwazanga ukumuzwa, kodwa ukukholwa kwakhe, njengowesifazane nje onomopho owaMthintayo. NoJesu, eqhubekela eKalvari nesisindo sezwe emahlombe aKhe, nezono zakho konke ukufa okwake kwafiwa noma okwakuyoke kubekwe emahlombe aKhe, umthwalo wezwe elinesono, nekhanda laKhe libheke ngaseZulwini, eya ngqo eJerusalema ukuyobethelwa, nalesosinxibi esidala simi cishe ibanga lendlu yasedolobheni, sithi, "O Nkulunkulu, bengicabanga ngaWe! Bengihlezi lapha ngitadisha ngaWe. UMvumeleleni ukuba adlule ngalesisikhathi na? Yiba nomusa! Nkulunkulu yiba nomusa!"

118 Ukukholwa kwakhe kwamisa uJesu. Awudingi ukuba sebhukwini lo-*Who's Who* ukuze umise uJesu, awudingi ukuba ube nemfundo egqamile, awudingi ukugqoka isudu yedina, yiba

nokukholwa nje kuNkulunkulu. Futhi kwaMmisa, Waphenduka, wathi, "Mletheni lapha."

Akazange aqale ukuthi, "Manje, awume . . ." Waphosa lelobhantshi elidala elimanikiniki wayeselikhipha, wayengenandaba ukuthi ubani uthini.

119 Bengifunda impilo yakhe lapha esikhathini esingeside esedlule, uBartimewu oyimpumputhe, wayekade eyimpumputhe iminyaka eminingi, wayenonkosikazi, intombazanyana, wayengakaze ayibone intombazanyana. NoBartimewu oyimpumputhe, indaba yakhe ihamba kanje, kungahle ukuba kwakuyinganekwane angazi, kodwa ngalezozinsuku babenewundlu elalibahola, njengoba kwenza inja eyiso elibonayo manje. Futhi wayenamajuba amabili amancane ukuba enze imilingo, ayegumbuqela kancane phezu kwelinye nelinye, futhi yilokho obekuyoheha ukunaka kwezivakashi, nabantu abedlulayo. Kukanjalo . . . Wayekhiphe ikani lakhe elincane, kumbe noma ngabe kwakuyini ukunxiba, khona-ke babebukela lelihobhe elincane. ENdiya ngi . . . wonke umuntu, futhi sonke isinxibi sinencane, inkawu ebulawa yindlala, noma imfezi, noma *into ethize enye* ukuheha ukunaka, ukuthola izipho kubantu.

120 Futhi uBartimewu wayenamajuba amancane amabili ayegumbuqela kwelinye nelinye nje, nabantu babekuhleka, bese-ke bemnika uhlamvu lwemali oluncane. Futhi kwathi ngobunye ubusuku umkakhe wagula, nodokotela wayefikile, wayesethi, "Akukho esingakwenza ngakho, Bartimewu. Umkakho unomkhuhlane omkhulu kabi ngangokuthi uzofa."

121 Ngakho bathi waphumputha indlela yakhe eya ngasendlini, waze wafika ekhoneni, wayesephakamisa izandla zakhe wayesethi, "Jehova . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

122 " . . . ngeke wakwenze lokho!" Wathi, "Ngizokunika imali ukuba uzithengele iwundlu."

Wathi, "Mpristi oMkhulu oPhakeme, angizange ngitshele uNkulunkulu ukuthi ngiyoMnika *i*wundlu nje, ngiMtshele ukuthi ngizoMnika *leli*wundlu."

123 Niyajabula ukuletha omunye umuntu ebandleni, niyajabula ukubeka izimbali e-altare, futhi nenze okuncane, imisebenzi yokuphana, okungukuthi kulungile, kodwa ngabe *wena* uyiwundlu na? *Nguwe* lowo uNkulunkulu amfuna e-altare, *wena*. Ukuphila komhlatshelo, uzinikela ngokuphelele entandweni yaKhe.

124 Wayesethi, "Bartimewu oyimpumputhe, ungeke wakwenza lokho, lelowundlu lingamehlo akho."

Wathi, "O, mPristi oMkhulu oPhakeme, uma ngikhonza uJehova futhi ngigcina isithembiso sami kuYe, uJehova uzohlinzeka iWundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumputhe."

125 Kwakukulokhu okupholile, ngo-Okthoba ntambama, uNkulunkulu wayehlinzeke ngeWundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumputhe, ukuze amehlo akhe avuleke.

126 Mangisho kuwe kulobubusuku, mngane wami othandekayo walelidolobha, uNkulunkulu ukuhlinzekele iWundlu, futhi, YiWundlu elifanayo, "IWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Uma ungaMazi njengoMsindisi wakho, ngenkathi kade uhlezi, ulalele, uzindla, njengoba nje nginitshelile, ngokuba ngedwa, njengoba wayenjalo uBartimewu, eyedwa, manje, Useduze kwakho manje, ungeMemukele na?

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje.

127 Ngiyazibuza, sisakhothamise amakhanda ethu, ngokuthula uma i-ogani izosinika nje isendlalelo esincane, ngenkathi kade usacabanga, kuqubuke isono enhliziyweni yakho ukuthi uyazi ukuthi awulungile kuNkulunkulu, futhi uma ufanele ufe, kuyoba yikho konke okwakho na? Uma kunjalo, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Makungabikho-muntu obheka phezulu, gcinani amakhanda enu ekhotheme manje. Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. Kunjalo. O, izandla ezingamashumi amabili noma amashumi amathathu ziphakeme. Nkulunkulu yiba nomusa!

128 Nakuba ungowebandla, kodwa nokho awukaze, awukaze wazi ukuthi kwakuyini ukuzalwa ngokusha, ungavele nje unyelelise isandla sakho siphakame, uthi, "Kade ngicabanga, Mshumayeli, ngiMfuna abe nguMsindisi wami, futhi. Ngifuna Yena abe nomusa kimi khona manje. Futhi ngikholwa ukuthi lowoJesu ofanayo akakude kithi manje, manje ngiyaMemukela, ngifuna Yena angisize"?

129 Omunye phakamisa isandla sakho ngokushesha nje? Kulungile. UNkulunkulu akubusise, nawe. Lokho kuhle. Phezulu kovulandi abasesitezi ngaphezulu na? Ndawondawo phezulu lapho kovulandi abasesitezi, abanye benu na? UNkulunkulu akubusise phezulu lapho, omncinyane. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, nsizwa, lokho kuhle kakhulu. Kukhona okwenzekayo ngenkathi uphakamisa isandla sakho: uNkulunkulu uthi, "Yebo, lokho ku—lokho kunjalo." Niyabo, wenzani lapho u . . .?

130 Wena uthi, "Kwenzani lokho, Mfowethu Branham, lapho ngiphakamisa isandla sami na?"

131 Uyazi ukuthi ushaya indiva imithetho ye—yesayense lapho uphakamisa isandla sakho na? Ngokwamandla adonsela phansi, izandla zakho zifanele zibambe phansi, awukwazi ukuphakamisa izandla zakho. Kodwa lapho uphakamisa isandla sakho, kukhombisa ukuthi kukhona into ethize kuwe ephilayo, futhi yenze isinqumo, futhi niphakamisela izandla

zenu ngakuMdali wenu, ushaya indiva imithetho yamandla adonsela phansi, uyaMkholwa, yilokho okwenzekile.

132 Nanti iZwi likaJesu:

> . . . *Ozwa izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila okuphakade, futhi akasayikuya* neze ekwaHlulelweni*; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuphileni.*

133 UbungaMenzela okungako kulobubusuku na? Ngokuvela enhliziyweni yakho: "Mina manje, Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa." UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, mama osemncane. Lokho kuhle. Omunye umuntu ongakaziphakamisi izandla zabo manje na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane, nawe ngapha, nobabili wena ntombi, esikhathini sokuguquka kwempilo nje, lelibhungu elincane, umculo wokuzibinya, isizukulwane esiboshwe yisihogo, leso yisinqumo esikhulu, hlala naso, wenze into enobuqhawe kakhulu owake wayenza. Omunye umuntu na? Umzuzwana nje manje, ngaphambi kokuba sime. Kulungile.

134 Yibani nilokhu nikhothamise amakhanda enu, kucabangisiseni, khulekani ngendlela yenu uqobo manje. UNkulunkulu abusise lomfo osemncane ohlezi lapha ngqo ohlwini olungaphambili. Kulungile. Khuleka ngendlela yakho uqobo, indlela okhuleka ngayo ebandleni lakho, noma ngabe kuyini, khuleka ngaleyondlela, utshele uNkulunkulu, "Nkulunkulu, ngiphakamise isandla sami, ngoba Into ethize ingitshele ukuba ngikwenze." Yini eyenza lokho na? UNkulunkulu wakwenza. UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane phandle lapha ekugcineni, ngiyakubona, futhi, itshitshi elincane lapho. "Into ethize enhliziyweni yami ingitshele ukuba ngiphakamise isandla sami."

135 Niyazi, uJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, ntombi uhlezi khona lapha, futhi. Ngilindile nje ngoba abaningi baphakamisa izandla zabo. Kuzoba njani ekwaHlulelweni lapho ngihlangana nani na? Ngingahle ngingaphinde nginibone kuze kube yilesosikhathi.

> Ngoba ngiyethembisa kuYe, ngizokholwa,
> O Wundlu likaNkulunkulu elihlinzekelwe mina, ngiyeza!

136 "Ngiza ngokuzithoba, Wundlu likaNkulunkulu, susa izono zami." UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane, lokho kuhle. Uyazibona izandla zakho laphaya.

137 Nkosi Nkulunkulu, Wena wathi akukho ngisho umzwilili ongeza esitaladini ngaphandle kwaKho wazi ngawo. Khonake Wazi kakhulu kangakanani umphefumulo ozisolayo uBaba awungqongqothise emnyango wenhliziyo, futhi baphakamise izandla zabo na? Lapha kuleliqembu elincane labantu

kulobubusuku, abancane nje, idlanzana labantu, kodwa abanye abangamashumi amabili noma amashumi amathathu baphakamise izandla zabo, bakhathele badiniwe yile *okuthiwa* indlela yokuphila yesimodeni, bayaqonda ukuthi bazehlukanisa noNkulunkulu, futhi babheka phezulu, babona isandla esiloba odongeni, iziputniki ezibhakabhakeni.

138 IBhayibheli lathi kuyobakhona izinto ezinkulu ezinjalo ezenzeka ezibhakabhakeni, njengoba bebiza amasoso andizayo, nama-sputniki, no—nokuthi ulwandle luyohlokoma kanjani, amagagasi amakhulukazi, akukaze kwenzeke ngaphambili emlandweni wesikhathi manje kuyenzeka, inhliziyo yamadoda iyehluleka, inkathazo yenhliziyo (Qaphela nje, Nkosi, uthe amadoda, hhayi abesifazane.), ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe, ukuthi lolusuku olukhulu kakhulu luyoba njani, ukuthi izinqola ziyohlokoma kanjani ezindleleni ezibanzi, futhi zikhanye njengamathoshi, amalambu amakhulu ezindleleni ezibanzi, ukuthi abantu bayoba kanjani ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunoNkulunkulu, abahlebi, abangazithibi, nabazonda okuhle, benesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha amandla akho bewaphika, abanjalo, bagweme.

139 Wathi ngalolosuku Uyozembula Wena uqobo uvela eZulwini, futhi siyaKubona, Nkosi, futhi siyazi ukuthi uBaba ulapha. Nalaba abaphakamise isandla sabo, Nkulunkulu, uma bebehlose lokho enhliziyweni yabo, Ufake igama labo eNcwadini yokuPhila, futhi akukho lutho elingalisula, Washo njalo. "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Wena wathi, "Ngiyomvusa ngomuhla wokuphela."

140 Ngiyabonga, Nkosi. Bayimiklomelo yoMlayezo Owunikeze njengezipho zothando eNdodaneni yaKho. "Akekho ongabahlwitha esandleni." Baphe ukuPhila okuPhakade manje, Baba, bagcwalise ngoMoya waKho nangokulunga kwaKho. BaKwemukele, mhlawumbe izihambi, abakaze bawubone uMoya waKho unyakaza ngaphambili, kodwa bakwenzile ezisekelweni zeZwi. Siphe, Nkosi Nkulunkulu, ukuthi bazobambelela esandleni saKho esingaguquki kulezizinsuku ezimbalwa zokuphila esizishiyile, ngokuba qiniso, sesisondele esikhathini sokuphela.

141 Sekuleyithi kunoma sicabanga, singaya ekubeni yimpuqumpuqu ngehora, isiphuzo esisodwa sikagologo kakhulu, amarokhethi amakhulu asethiwe. O Nkulunkulu, yiba nomusa! Masihlale phansi kwamaphiko aKho angunaphakade, uze Ufikele thina. EGameni likaKristu siyakhuleka, Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Wena yiba nguMholi wami;
Yala ubumnyama buphenduke imini,

Sula izinyembezi zosizi,
Futhi ungangivumeli ngike ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

142 Asilicule kancane impela manje, futhi ngomoya wokucula:

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nezinsizi . . .

Kunjalo. Likhuleke nje sengathi, njengoba ucula.

. . . mina ngisabalale,
Yiba nguMholi wami,
Yala ubumnyama buphenduke imini,
Sula izinyembezi zosizi,
Futhi ungangivumeli ngike ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

143 Asikhothamise amakhanda ethu, ngokuzithoba manje.

144 O Jehova oMkhulu, thumela uJesu kulezizethameli khona manje, Nkosi, MakaZibonakalise njengeNkosi evukileyo, njengoba sinikela izinhliziyo zethu nemiphefumulo kuWe. Silishumayelile iZwi laKho, woza uLenze libonakaliswe, Nkosi.

Ngibe ngowaKho ngokuphelele!

145 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . umlilo owake wabakhona, omuhle, umlilo ofudumele. Ungeke wafudumala ngomlilo opendiwe. Izwe alimdingi uNkulunkulu womlando, lidinga uNkulunkulu wosuku lwamanje. IBhayibheli lasho ukuthi uJesu Kristu, amaHeberu 13:8, "UJesu Kristu nguyena, izolo, namuhla, naphakade." Ngabe kunjalo na?

146 Siyazi ukuthi Wathi emBhalweni waKhe, "Ngingenze lutho ngokwaMi, kuphela lokho eNgibona uBaba ekwenza." UJohane oNgcwele 5:19. Senake nakufunda lokho na? Phakamisani izandla zenu uma nake. Khona-ke uJesu akazange enze lutho uBaba aze aMkhombise; yilokho Akusho. Futhi sithola ukuthi Wayezazi izinhliziyo zabantu nemicabango. Manje, uma Enguye izolo, namuhla naphakade, Uzofanele afane ngomgomo, ofanayo emandleni, ofanayo emadlingozini, Uzofanele afane.

147 Indlela eyodwa kuphela, Wathi, "NgingumVini . . . Kuseyisikhashana ne . . ." Ngizocaphuna lokhu kuqala: "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," (Manje, igama lesiGreki lapho lithi *kosmos*, okusho ukuthi "uhlelo lwezwe.") "abasayi kuNgibona, nokho niyoNgibona nina," iBandla, "ngokuba Ngi," *Ngi* yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ngabe yilokho Akusho na? "Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Okholwa yiMi," hhayi ukucabanga ukuthi uyakholwa, kodwa okholwayo, "imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." UJohane oNgcwele 14:8.

148 "Imisebenzi eNgiyenzayo." Wenzani na? Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Manje, umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo somvini. Ngabe yiqiniso lelo na? Uma uye emvinini wekhabe, unamakhabe uma kungumvini othelayo; uma uye emvinini wamagilebhisi, ubuyothola amagilebhisi; umvini wethanga, ubuyothola amathanga. Kuthiwani lapho uza ebandleni na? Utholani na? Isigejane sabantu sithi, "O, lokho kwakungosuku olwedlule."

149 UMvini usaphila. Uma sikuKristu, imisebenzi Ayenzayo, sizokwenza into efanayo, Washo njalo. Uma lokho kungesilo iqiniso, khona-ke bengi—ngingeMkholwe.

150 Ngi—ngingakwenzela isithembiso futhi ngifanele ngisihlehlise, ngingofayo, kodwa Yena, ongenasiphelo, Angeke enze isithembiso ngaphandle kokusigcina.

151 Manje, izolo ebusuku sibize umugqa womkhuleko. Sikhipha . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . UMoya oNgcwele kaNkulunkulu kuYe. Wathi, "Ngiyanithethelela," ngoba Wayengakafi, ukwenza indlela, kodwa manje, Wathi, "uma ukhuluma izwi elimelene noMoya oNgcwele . . . "

152 Manje khumbulani, Wamemezela lesosibonakaliso kumaJuda, iJuda leqiniso lakholwa ukuthi kwakunguMesiya. Sedlule kulokho izolo kusihlwa.

153 Futhi Waya emthonjeni ngesinye isikhathi ukuyophuza . . . kolunye uhlanga lwabantu okwakungamaSamariya. Manje khumbulani, Akazange aye kunoma yibaphi abeZizwe. Bangaki okwaziyo lokho na? Hhayi abeZizwe, futhi wenqabela abafundi baKhe ukuba baye koweZizwe. Sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngalokho, lolu wusuku lwabeZizwe, seluvala manje.

154 Manje, kodwa Wahamba ngasemthonjeni waseSamariya, futhi manje bhekisisani ukuthi uJesu ubeyini izolo, futhi kwakukhona owesifazane osemusha ophumayo. Ake sicabange ukuthi wayemuhle. Wayengunondidwa, owesifazane onegama elibi. Futhi uyaphuma ukuyokha amanzi akhe, cishe ngesikhathi sasemini. Futhi wayenembiza yamanzi, futhi wayengazi ukuthi kwakukhona noma ubani ngapho, kwakuyindawo encane ebonakala ngasikhathi sinye, into efana nale, futhi kwakukhona iNdoda ihlezi laphaya. Ngike ngaba semthonjeni, onjalo, futhi lapho, ngaphandle nje komuzi.

155 Futhi lomJuda, Wayeneminyaka engamashumi amathathunento kuphela ubudala, kodwa iBhayibheli lathi wayebukeka enamashumi amahlanu, umsebenzi waKhe wakwenza, bathi, "Wena umuntu ongakabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala futhi uthi umbonile u-Abrahama na? Manje siyazi ukuthi unodeveli."

Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA."

156 Futhi leyo kwakuyi—leyo kwakuyiNsika yoMlilo eyayisesihlahleni esivuthayo esithombeni enisibonayo kulobubusuku, onguye izolo, namuhla, naphakade. Uma leyoNsika yoMlilo ngempela iyiNsika yoMlilo efanayo, Iyofakaza ubufakazi obufanayo eyakwenza kuJesu Kristu ngenkathi Ilapha eBandleni laKhe. Kunjalo.

157 UJesu akazange asithume ukuba sakhe ibandla, kanjalo Akasithumanga ukuba sibe nesikole sesayense yezenkolo, kanjalo Akazange asithume ukuba senze noma iyiphi yalezozinto, Wathi, "Sishumayele iVangeli." Futhi yini iVangeli na? Amandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele. Manje, uma lokho kungalungile, khona-ke angiwazi umBhalo, yilokho Okushoyo.

158 O, kanjani thina maMelikana ayisihlakaniphi sihlale siyisitashi futhi sil'khuni, nalabo bahedeni abazihluphekelayo ngaleya, bethukuthele nje futhi bekhala, ngezinkulungwane batheleke kuyo.

159 Manje qaphelani, lokho kuKhanya kuzofanele kufakazele ukuthi Kuyini.

160 Ngolunye usuku ngenkathi lona wesifazane ehlezi lapho, noma, eza lapho, uJesu wathi kuye, "Ngiphuzise. Woza lapha, sifazane."

161 Waphenduka, wabona leloJuda. Niyabo, kwakukhona ukwehlukana phakathi kweJuda noweZizwe, noma, iJuda nomSamariya, ngoba babeyiJuda ingxenye noweZizwe. Futhi ngakho, wathi, "Ngingowesifazane waseSamariya, akusilo isiko kini maJuda ukuba ningibuze umbuzo onjengalowo." Manje, lowo nguJohane oNgcwele 4, uma nifuna ukukufunda.

Wathi, "Kodwa uma wazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi."

"Ngani," wathi, "umthombo ujulile, futhi Awunalutho ongakha ngalo."

Nengxoxo yaqhubeka, waze Waxhumana nomoya wakhe, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho."

162 Manje, wathini na? Wayengumbhuli na? Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, siyazi lapho uMesiya efika, onguKristu, Uyokwenza lezizinto." Ngabe kunjalo na? Awu, uma lowo bekunguMesiya izolo, isibonakaliso saKhe, kuzoba nguMesiya namhlanje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade. Wathi, "Nxa uMesiya efika, Uyositshela lokhu."

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

Futhi wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele ebengiyikho. Akuyena yini uMesiya Lona na?” Bangaki owazi lowomBhalo na? UJohane oNgcwele 4.

163 Manje okunye futhi: Kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi, akakwazanga ukufinyelela kuYe. WaMkholwa, futhi wathi, “Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda, ngoba ngikholwa ukuthi Ungu—UnguMesiya, futhi uma ngingathinta izingubo zaKhe, ngizokukholwa.” Futhi waphusha wadabula esixukwini. Wayenomopho, ukuya esikhathini mhlawumbe, okungayekanga ukugcwala iminyaka. Futhi ngakho, wathinta ingubo yaKhe.

164 Manje, Akakuzwanga ukuthinta kanjalo, ngoba ingubo yasePalestine iyaxega, inengubo yangaphansi kuyo. Ngakho, waMthinta kanjalo, wayeseya ngale, wayenelisekile ukuthi wayezoba kahle. UJesu wama wayesethi, “Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?”

NoPetru waMkhuza, wathi, “Usholoni into enjengaleyo na? Ngani, sonke, isixuku sonke siyaKuthinta, futhi Wena uthi, ‘Ubani oKuthintile na?’”

Wathi, “Kodwa Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi.” Kwakuwuhlobo oluhlukile lokuthinta.

165 O, Concord, kulobubusuku (uNkulunkulu yiba nomusa!), sebenzisa lokho kuthinta! Hhayi ukuthi, “NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. NgiyiPentecostal. NgiyiNazarene.” Sebenzisa lokho kuthinta okuMthintayo. Ubeke eceleni lamasiko, asithinte uKristu.

166 Manje, futhi Waqalaza, Wathintwa ukukholwa kwakhe. Kuso sonke lesosigejane sabangakholwayo, Wadonsa lowo wesifazane omncane wamkhipha, futhi Wathi, wamtshela ayenakho, wayesethi, “Ukukholwa kwakho kukuphulukisile, noma, kukusindisile.” Ngabe kunjalo na?

167 Manje, bangaki abasho lokhu: ukuthi iBhayibheli, iTestamente eLisha lithi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade na? IBhayibheli lasho ukuthi UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Kunjalo. Awu, uma EngumPristi oMkhulu, uma uMthinte ngendlela efanayo owesifazane enza ngayo, Ubengeke yini enze okufanayo uma Efana na?

168 Sizobiza umugqa womkhuleko-ke kwamanye amakhadi omkhuleko. Makuthi iNkosi uNkulunkulu . . . Uma Ezokwenza lapha kulobubusuku njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni, bangaki abazoMemukela uma nizobona uJesu Kristu ongaphezu kwemvelo khona phakathi kwethu lapha enza into efanayo na? Kulungile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

169 . . . umugqa womkhuleko. Ngizonivumela nje nihlale khona lapho enikhona, futhi nikholwe enginitshele khona ukuthi

kuyiqiniso. Kholwa khona lapho okhona. Yenza njengoba kwenza owesifazane, isicaphuno sokugcina engisenzile.

170 Izolo ebusuku, besinabantu emsamo. Nibonile ukuthi uMoya oNgcwele wenzeni na? Wembule izono zakho, Wembula impilo yakho, futhi ukutshela okwenzile, nokuthi ufanele wenzeni.

171 Lapha bekukhona omncane, bayangitshela, owesifazane ongumFinishi enhla lapha izolo ebusuku, angikwazi ukukhuluma isiFinland, nokho, bengimqonda, futhi bengimphendula, futhi ubengiqonda. Niyabo? UMoya oNgcwele khona-ke umphulukisile emi khona lapha emsamo.

172 Bukani phezulu lapha, bukani amaphephandaba enu macala onke kwezinye izingxenye zezwe lakini, lapha, konke ngale. . .Bukani uCongressman Upshaw elele lapho ekhubazekile iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha, futhi kwafika umbono phezu komhlangano, wamtshela ukuthi wayephulukisiwe, wasukuma ngqo, wathinta izinyawo zakhe futhi waqhubeka ngokwejwayelekile. UKing George waseNgilandi enokuqina kwemithambo eminingi, ngenkathi ngiwelela ngale futhi ngamkhulekela, akakwazanga ngisho nokuhlala kodwa nje imizuzu embalwa ngesikhathi, ngosuku olulandelayo, wadlala izimbobo zegalofu ezingamashumi amabili nesishiyagalombili. Ngijikeleza ngijikeleza umhlaba. Sekungokwesihlanu ngijikeleza. Kholwa ukuthi uJesu. . .

173 Asithathe lomBhalo, sesileyithi, ngakho asithathe lomBhalo umzuzu nje. Manje hlalani nithule ngempela, hloniphani ngokuzithoba.

174 Akukho-muntu kulesisakhiwo engimaziyo, ngaphandle kwendodana yami uqobo ihlezi lapha, noDkt. Vayle. Yebo, ngiyaxolisa, ngiyabazi lababefundisi ababili, uMnu. Sweet noMnu. MacLeod, bese kuba ngumngani wami, uBert Call ngemuva, nguyena kuphela umuntu. Wonke owaziyo ukuthi ngiyisihambi kuwe, phakamisani izandla zenu, futhi ngingazi lutho ngani.

175 Manje, uma uJesu enguye izolo naphakade, futhi wena. . . Aka. . .Uphandle lapho lapho okhona, uma uzoMthinta ngokukholwa kwakho, awucabangi ukuthi Ubengadonsela emuva ngqo ngalendlela, futhi asho into efanayo Ayisho ngenkathi Elapha emhlabeni uma Esenguye na? Manje, awudingi ukuba uze emsamo, hlala lapho nje, yiba nokukholwa, ukholwe.

176 Manje, wonke umuntu ogulayo, akunandaba ukuthi ukuphi, noma yini engalungile kuwe, bheka phezulu nje kuNkulunkulu *kanje*, futhi uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngi—ngiyakukholwa lokho. Indoda icaphuna umBhalo."

177 Izolo ebusuku ukuthi sedlule kanjani emiBhalweni ukukhombisa ukuthi yilokho impela Athi Uyokwenza manje. Sisekupheleni konyaka wabeZizwe, asikaze eminyakeni

eyizinkulungwane ezimbili, kuze kube manje. Useqedile ngabeZizwe, iBandla selivele libunjiwe, ukuphela sekuseduze. Nini? Angazi, akekho owaziyo, kodwa kuseduze.

178 Manje, nakhu la sikhona. Uyagula. Uma ugula, bheka kuYe futhi uMthinte. Manje, bekungeke kusize ngalutho ukungithinta, ngingumuntu, kodwa thinta Yena, nangesiphiwo sikaMoya oNgcwele, ongaphezu kwemvelo, olapha, Ubengembula kimi khona lapha, futhi aphume ngqo adlule kulezizethameli, futhi anitshele njengoba Enza nje kowesifazane owayenomopho uma Esafana.

179 Manje, izolo ebusuku besisebenza kwenye into, owesifazane emthonjeni. Sisebenza kowesifazane owathinta ingubo yaKhe, kanjalonjalo, manje, noma njengoFiliphu, ngenkathi enyuka noNathanayeli phandle ezethamelini. Nina madoda, bonani nje, khulekani, nibone ukuthi Usenguye yini.

180 Nkosi Nkulunkulu, manje NguWe. Ubungeke uvumele noma yini ilimaze umBhalo waKho. NgiKubonile ngenkathi kukhona ingxenye yesigidi imi lapho eBombay, eNdiya, amaHindu, izinyanga-bathakathi, bezama ukuphonsela inselelo, nokuthi Wabakhubaza kanjani, nokuthi Usizamazamise kanjani lesosizwe.

181 SiKubonile eKarlsruhe, eJalimane. Ukuthi lezozinyanga-bathakathi zifika kanjani futhi zabiza lesosiphepho ngemilingo yazo, nokuthi kanjani, ngimi lapho, Waphephetha phansi umoya uvela emazulwini futhi wahlakaza isiphepho. Izinkulungwane ezingamashumi amabili zigijimela e-altare, amakhomanisi.

182 Ukuthi Wamvusa kanjani umfana omncane eFinland kwabafileyo, wayekade elele lapho amahora, ngakusho eminyakeni emibili ngaphambi kokuba kwenzeke. UnguNkulunkulu!

183 Makuthi wonke umuntu azi kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Wena unguNkulunkulu, ukuthi loKristu. . . Zonke ezinye izinkolo ezingaphandle kobuKristu ziyiphutha, Nguwe kuphela uNkulunkulu ophilayo. UMohamede ufile futhi usethuneni, ubuda ufile eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nantathu eyedlula, ufile futhi wembelwa, kodwa kukhona ithuna elingenalutho eJerusalema, Wavuka futhi. Malibongwe iGama laKho! Uphila njalonjalo.

184 Futhi uma ngifa kulobubusuku, Wena u. . . ubufakazi buqinisile, Ukufakazisile ngezigidi emhlabeni jikelele. Futhi manje, izwe lesayense linesithombe saKho, eJalimane, e-United States, nososayense ukuhlolile, futhi bethi Yisona siDalwa esingaphezu kwemvelo kuphela esake sathwetshulwa. UnguNkulunkulu! Makuthi lezizethameli zibone uBukhona baKho, Nkosi, njengoba ngizithoba futhi ngizinikela esiphiweni, uMoya oNgcwele, kwangathi nabo ngokufanayo. Ngokuba, eGameni likaKristu, ngiyakucela. Amen.

185 Manje, ngizophoxeka, noma iZwi likaNkulunkulu linephutha, uma ngi . . . iZwi likaNkulunkulu liqinisile, khona-ke uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Konke ukushumayela, kulungile, siyakukholwa, kodwa uma uNkulunkulu engaligcini iZwi laKhe, kusiza ngani ukushumayela na? "Uma ukholwa!"

186 Uthi, "Wenzani, Mfowethu Branham na?"

Ngibuka, ngibhekisisa, ngibone ukuthi Uzokwenzani.

187 Niyakubona lokho kuKhanya na? Khuleka nje kuNkulunkulu bese uthi, "Ngisize, Nkosi Nkulunkulu." Yebo. Ningaphakamisa amakhanda enu. Niyakubona lokho na? Khona phezu kwalendoda ehlezi lapha ingibuka.

188 Indoda iyagula, ihlezi khona lapha, neyembe layo livuliwe, ngiyisihambi kuwe, mnumzane, uthi ukuba mdala. Unesibhono. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Angikwazi, angikaze ngikubone. Ngabe yiqiniso lelo na? Bengingeke ngikuqagele lokho, bengingakwenza yini, mnumzane na? Yiqiniso.

189 Niyakholwa nonke na? Manje hloniphani ngokuzithoba. Lokho kuKhanya kusalokhu kulenga phezu kwendoda. Ngoba . . . Abanye benu bebecabanga ukuthi lokho bekungukuqagela. Bekungesikho. Kwangathi uNkulunkulu angakhombisa umbono.

190 Yebo, ngiyayibona indoda, inesibhono. Umkayo lapho naye uyagula. Umkayo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngomkakho na? Unomfutho wegazi ophakeme nenkathazo yenhliziyo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Awusuye owakulelidolobha, ungowakwelinye idolobha, iPortsmouth. Lokho kuqinisile. Futhi igama lakho nguMnu. Hudson. Kunjalo. UKristu uyaphila, niphulukisiwe, nobabili. Ningaya ekhaya, niphile.

191 Bathinteni na? Niyaqonda ukuthi niseBukhoneni bukaNkulunkulu na? Inhlonipho ngokuzithoba, inhlonipho ngokuzithoba ngiyacela. Hhayi ukudlala isonto, manje, useBukhoneni beNkosi uJesu.

192 Indoda ehlezi emva kwayo ngqo, ibilokhu inginqekuzisela ikhanda layo emizuzwini embalwa edlule, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela inkathazo yakho, mnumzane na? Ubungemukela uJesu futhi ukholwe ukuthi bekunguYe, hhayi mina na? Angikwazi. Kodwa uma uMoya waKhe ukimi, khona-ke Uyokwenza imisebenzi ngenkathi WayeseNdodaneni yaKhe, uKristu. Uyakukholwa lokho na? Yebo, mnumzane. Khona-ke lesosifo sokuba namashashazi emathunjini obunaso, uke waba nesifo sokuba namashashazi emathunjini, ngeke kusakukhathaza. Igama lakho nguMnu. Beasley. Uma ukholwa . . . Kunjalo. Yebo, mnumzane.

193 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kwenye indawo esakhiweni.

194 Nanti inenekazi khona emuva ngalendlela, liphethwe yinkathazo ohlangothini lwalo, inkathazo yohlangothi. Impela ligqoke ingubo emnyama, owesifazane ophakathi nendawo, efake izibuko. Unenkathazo enkulu kakhulu ohlangothini lwakhe. Inenekazi aliveli kulelidolobha, livela endaweni eseduze komngcele walelizwe, iseNew Hampshire, ibizwa ngeFreedom, eNew Hampshire. Yima ngezinyawo zakho, nenekazi, uma lokho kuyiqiniso. Sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, uJesu Kristu uyakusindisa.

195 Lithinteni na? Ngitshele ukuthi lithinteni. Bekungesimi. Lenzani na? Nenzani nina bantu na? Uthinta umPristi oMkhulu. UseBandleni laKhe, esebenza, eqinisa iZwi laKhe. Ukukukholwa . . . Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Hloniphani ngokuzithoba. Ngingathi kuphela . . . Manje, nonke phezulu kuvulandi osesitezi, noma ngabe nikuphi, hloniphani ngokuzithoba nje. "Uma Ungakholwa!"

196 Inenekazi elinekhanda elimpunga, lihlezi lapho linesifo sikashukela, uyakholwa ukuthi uJesu uzokusindisa, nenekazi na? Ubukhuleka ngaleyonkathi, ake ngikutshele ukuthi ubukhuleka ini: "Nkosi Nkulunkulu, makube yimi." Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Manje, bengingawazi kanjani umkhuleko wakho na? Niyabo? Kungukuxhumana kwakho noMoya kaNkulunkulu.

197 Indoda, ihlezi phandle lapho ekugcineni, inento efanayo. Igama lakho nguMnu. King. Kunjalo. Awusuye owa . . . UngowaseVermont. Kunjalo. ISHO KANJE INKOSI. Lowo ngumkakho ohlezi eduze kwakho, futhi unenkathazo yezindlala. Kuyikho impela.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

198 Inenekazi khona emva kwenenekazi lapho, lihlezi lapho lingibuka manje, likhuleka libhekise ikhanda lalo phansi, lithi, "Jesu, ngihawukele," linesifo samathambo, kanti futhi linokwaliwa okungahambisani nomzimba okulikhathazayo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kuzophela. UNkulunkulu uzokusindisa. Uyakwemukela na? Kulungile, mnumzane. Kulungile, ungaba nakho-ke.

UNkulunkulu abe nomusa.

199 Inenekazi elilandelayo linomfutho wegazi ophansi, futhi linenkathazo ngesibindi salo, futhi. Kunjalo, akunjalo, nenekazi na? Kunjalo. Kulungile, sekuphelile manje, hamba uye ekhaya futhi ukukholwe.

200 Emuva le ngasemuva, indoda ihlezi emuva lapho ikhanda layo likhotheme, ikhuleka, inamashashazi kuqhoqhoqho oya

emaphashini. Kunjalo, nenekazi, yithinte futhi uyitshele ukuthi iNkosi uNkulunkulu uyiphulukisile. Akamangalisi yini, mnumzane na? Awusenakho manje. Umphimbo wakho uzwakala ukahle, awunjalo na? Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho. Angikwazi, ngiyakwazi na? Angikaze ngikubone. Kodwa umphimbo wakho ukahle manje, uJesu Kristu ukuphulukisile.

201 Ngabe Uyaphila kulobubusuku, zethameli na? NiyaMkholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi asinikhulekele nilapha. NizoMkholwa manje ukuthi Ukhona na? Beka izandla zakho phezu komunye nomunye, masibe nomkhuleko ndawonye. Khulekela umuntu obeke isandla sakho kuye. Uma ugula . . . Niyabo, ngeke ngaphulukisa. Kodwa ake nginitshele, uma ngingaphinde nginibone kulokhu ukuphila, uMoya kaJesu Kristu ulapha kuleliqembu elincane labantu kulobubusuku, enza khona impela nje Akwenza ngezinsuku zenyama yaKhe, Uhlala enyameni yethu manje, njengomVini, noma, igatsha eliseMvinini. Ulapha!

202 Leyondoda ehlezi lapho naleyonkathazo yendlala yesinye, mnumzane, sekuphelile.

203 Phezulu lapho nesifo sofuba, khohlwa yikho, uNkulunkulu ukusindisile.

204 O, kwenzeka nje ndawo zonke. Manje khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni lakho ngabo abahlezi eduze kwakho. Ngikholweni uma ngifakazisile kini ukuthi uKristu akafile. Uyaphila, futhi Ulapha esimweni sikaMoya sikaMoya oNgcwele.

205 Khothamisani amakhanda enu manje, asikhuleke. Phindani lomkhuleko, ni—nikhuleke lomkhuleko lapho ngiwuphinda, ushoni ngokuzwakalayo manje:

206 "Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela umusa waKho, O Nkulunkulu, phezu kwami, inceku yaKho, ngiyahlupheka, Nkosi Nkulunkulu. Manje ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana yaKho, ivukile kwabafileyo eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, futhi Ilapha kulobubusuku ngesimo sikaMoya oNgcwele. Ngiyakholwa ukuthi lena yiYo Ekhulumayo kulobubusuku enhliziyweni yami futhi yazise izinto enhliziyweni yami, futhi manje ngiyaYemukela njengoMphulukisi wami. Futhi ngiyathembisa, Nkulunkulu, ukuthi ngizoKukhonza zonke izinsuku zokuphila kwami, futhi usebenzise amandla ami okuqina wenzele inkazimulo yaKho."

207 Manje, gcina nje ikhanda lakho likhotheme, lowo ngowakho—lowo ngumkhuleko wakho. Hlala uvalelwe noNkulunkulu, kholwa ukuthi Unawe manje, kholwa ukuthi umsebenzi uyenziwa.

208 Akuyikubakho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu ngomunye umzuzu noma emibili uma nje nizokukholwa lokho. Manje, ngizocela iNkosi uNkulunkulu ukuba isuse uSathane, okungumoya omnyama (Kukhona uMoya wokuKhanya, okunguKristu, uMoya oNgcwele.), lapha, ngizoMcela ukuba asuse lokho emuva, umoya omnyama wokungakholwa noma amathunzi enkolelo-ze, ukuthi nizokhishwa ningene ekuKhanyeni okukhazimulayo kukaKristu, futhi nizoMkholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, futhi nizophulukiswa. Manje, qhubeka ukholwa ukuthi Useduze kwakho, ngenkathi ngicela uNkulunkulu ukuba akhuze umoya omubi wokungakholwa.

209 Nkosi Nkulunkulu, manje ngilungiselela ukushiya idolobha, ngingahle ngingaphinde ngibuye futhi, angazi, kodwa ngizohlangana nalababantu esiHlalweni saKho sokwaHlulela. Futhi uma ngingafika unyaka kusukela namhlanje, abaningi ulapha, abantu asebekhulile, abanye bethu bazobe sebehambile. Nkosi, mabazi ngeZwi nangoMoya ukuthi Wena ulapha, futhi ngukubakhona baKho ezindaweni zonke okukhulu, okungokunamandla onke kwaKho, okungenasiphelo, okusezindaweni zonke, okwazi konke, futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosipha isicelo salababantu.

210 Futhi manje siza, Nkosi, njengoba sikholwa ukuthi Ulapha ukususa konke ukungabaza, ukuthi abakhubazekile bangahamba, nezimpumputhe zingabona, noma yini enye engaba khona, leyonkathazo yenhliziyo iyonqamuka. Yisimo sokuziphatha saKho ngakulowo nalowo kubo ukubaphulukisa, njengoba nje Unalaba abaningi ophulukisiwe phakathi lapha kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi.

211 Ngisize manje ukuba ngibe nokukholwa ukuxoshela emuva ukungabaza, ukuze ukukholwa kungathatha indawo yakho. Nokukholwa kungathatha indawo yakho, hhayi phezu kwezihlabathi ezigudlukayo zesayense yezenkolo yomuntu, kodwa phezu kweDwala laPhakade leZwi likaNkulunkulu langunaphakade, lapho kuthatha ukuma kwakho futhi ubuka ebusweni bethuna futhi uyaMbona Owathi, “NgingukuVuka nokuPhila.

212 Sathane, sikuyala ngoJesu, iNdodana kaNkulunkulu, ungumkhohlisi nje, uJesu Kristu wafa eKalvari futhi wakuhlubula onke amandla angokomthetho owawunawo. Futhi usuku seluseduze, ukuthi leliBandla labeZizwe lifanele libizelwe ngaphandle, liphume eBabiloni, liphume ekudidekeni. NoMoya oNgcwele omkhulu ulapha kulobubusuku, hhayi ngento ethize ehlukile, kodwa ngoMoya ofanayo owawukuJesu Kristu wenza umsebenzi ofanayo. Sathane, ubambe lababantu inqobo nje uma ungababamba, ngiyakuyala, ngoBukhona bukaMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu, khulula lababantu, phuma kubo, eGameni leNkosi uJesu!

213 Manje, wonke umuntu phakathi lapha obegula, angikhathali noma ubukhubazekile, uphuphuthekile, noma ngabe kuyini, yima ngezinyawo zakho, noma yini ebingalungile kuwe, uma ukholwa, yima ngezinyawo zakho, futhi uphulukisiwe khona manje, eGameni likaJesu Kristu. Sukuma ume ngezinyawo zakho, konke-. . .Nakho lapho okhona. Uma ubungenakuphakama, phakama, noma kanjani, khuphuka. Ubunengalo ekhubazekile na? Ziphakamise. Lalela ngezindlebe zakho, amehlo akho. Wonke lowo ophulukisiwe, futhi waphulukiswa ngokuyisimangaliso, vayizelisa izandla zakho kuNkulunkulu *kanje*.

214 Kulungile, befundisi.

215 INkosi inibusise. Nisamile, nemukele ukuphulukiswa kwenu, ngizophendulela inkonzo kuMfowethu Sweet ngalesisikhathi nje. Mfowethu Sweet. Futhi uNkulunkulu abe muhle kini, ngize nginibone futhi.

